**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU YOKWETHULA IZINHLELO ZIKAHULUMENI ZOKUTHUTHUKISA UMZUMBE MHLAKA 13 MAY 2011.**

Mphathi wohlelo;
UNgqongqoshe uMama uThusi;
UNgqongqoshe uDinangwe;
Amalungu eSishayamthetho akhona;
Amakhosi aseNdlunkulu;
IMeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Izisebenzi zomphakathi zonke eziholwa iziNhloko zemiNyango yazo;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Kuyintokozo ukuba siphinde sithole leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha ogwini. Namhlanje usuku olukhulu kubantu balapha eMzumbe naseHibiscus Coast lapho uHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal ethe ochungechungeni lwezinhlelo zawo zokuya emiphakathini, awuze nalapha ukuze sizohalalisa ngentuthuko eqhubekayo endaweni.

Kodwa futhi usuku lokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko esikhuluma ngazo. Yikona phela loko kubambisana okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona.

Uma ngithi sesiphinde sathola ithuba lokuza lapha, yingoba phela sekukaningi sifika lapha eMzumbe selokhu siqale uchungechunge lwezinhlelo zethu zokuya emiphakathini esifundazweni sonke ngo-October wonyaka odlule lapho sidlulisela ngokusemthethweni ama-project asephelile bese sizibophezela nakwamanye amasha azokwakhiwa.

Sike safika lapha eMzumbe sizovula umgwaqo uP73 ngo-October. Siphinde sabuya futhi ngoMarch seza lapha oGwini sizokwethula izinhlelo zokulungisa omonakalo owadalwa yizikhukhula okukhona nezinhlelo ezoqondene noMzumbe. Ngenyanga edlule futhi besikhona lapha sivula ngokomthetho ibhriji eQoloqolo.

Lapha ngikhuluma ngokufika koMnyango wezokuThutha nje kuphela, kodwa siyazi sonke lapha ukuthi uHulumeni wesifundazwe wonke unezinhlelo eziningi ozenzayo lapha oGwini ngenhloso yokwenza ngcono izimo zempilo yabantu bakithi.

Njengoba ngichaza kanjena nje ngizama ukuveza engihlale ngikusho nakwezinye izindawo esizihambelayo ukuthi uma sivula umgwaqo sisuke singachazi ukuthi sesiyahamba kodwa sisuke senza uphawu lokuthi kukhona okunye osekumele sikulethele umphakathi walapho. Siyajabula-ke ukuthi namhlanje nani seningofakazi balokho.

Namhlanje singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uKhabazela sithi sidlulisela ngokusemthethweni ibhuloho iMalukaka esilakhe kanye nomgwaqo wokufinyelela kahle kulona. Umsebenzi waleli bhuloho udle isamba sika-R1,9 million kanti kunamathuba emisebenzi angu 13 adalekile kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Ngakho-ke sithatha leli thuba sithi siyawubongela umphakathi waKwaNdelu okuyiwona osuhlomule kakhulu lapha. Lapha kuzosizakala nabantu abaya emtholampilo ongumahamba nendlwana nabafundi baseMabuthela High School neDeke Primary School.

Kuyadabukisa nje futhi kuyihlazo ukuthi abantu bakithi kwesinye isikhathi baqala ngokubona izigameko ezinyantisa umzimba zokumuka kwabantu emfuleni ngaphambi kokuthi babe nebhuloho. Sekungumlando-ke ukuthi ngezikhukhula zika-2009 kunomfundi owayezama ukuwela umhosha eya esikoleni wathathwa izikhukhula kanye nezinye izimpahla zabantu ezalahleka ngaleyo nkathi.

Ngemuva kwalokho uMnyango wezokuThutha wabe usuhlola isimo wathola ukuthi kudingeka ibhuloho elincanyana nomgwaqo ofinyelela kulona ukuze kuqinisekiswe ukuphepha komphakathi ikakhulukazi abafundi abaya esikoleni.

Nangenkathi silethe uhlelo lokulungisa umonakalo wezikhukhula ngoMarch, sakuveza ukuthi iningi kakhulu imali edingeka ukuvala igebe lemigwaqo namabhuloho hhayi nje lapha oGwini kuphela kodwa esifundazweni sonke. Sakuveza futhi ukuthi uHulumeni jikelele uthwele kanzima kanti kuvele kunezinselelo esisabhekene nazo zokuthi abantu bakithi abaningi, ikakhukazi ezindaweni zasemakhaya, basasilele emuva ngentuthuko.

Namanje sisasho futhi sithi yikho konke-ke lokhu okumele sikuchaze ukuze abantu bakithi bangaluthwa ngosomathuba babatshele ukuthi asizigcini izibophezelo zethu. Lo Hulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni awusoze wadlala ngemizwa yabantu.

Esihlale sikunxusa kubantu bakithi nje ngukuba basibekezelele. Ningakhohlwa futhi ukuthi enye inselelo esibhekene nayo KwaZulu-Natal ngukuthi kuke kwadingeka izinhlelo zentuthuko zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane

nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo. Siyazi ukuthi bekungenzeki lutho oluphucula izimpilo zabantu ungakathathi uHulumeni kaKhongolose. Yingakho sinibongela futhi ukuthi abanye benu lapha bagcine sebebona ukuthi ngubani okumele ahole uHulumeni wenu sifundazweni.

Nakuba silikhalela leliya shumi leminyaka elalahleka, kodwa siyabonga ukuthi kule minyaka eyisithupha esenisinike yona abantu abaningi sebephumele obala basho ukuthi sebeyawubona umehluko. Sekuyabonakala ukuthi ishumi leminyaka manje lizophela usumkhulu umehluko owenzekile. Kodwa sikhuluma ngoHulumeni wesifundazwe lapha, mhlambe kusamele sibone ukuthi siluletha kanjani uguquko nakumasipala.

Ngaphandle kwalo msebenzi esiwudlulisa ngokomthetho namhlanje, ikhona neminye imisebenzi eminingi okungashona ilanga uma siyibala esiyenzile kule minyaka yezimali emibili edlule lapha oGwini. Kukhona imisebenzi emikhulu esithi ama-Capital Project okunemali engu-R1,828 billion esiyifakile.

Sengiphetha, ukhetho loHulumeni baseKhaya selufikile. Emizamweni yokukhuthaza ukuthula, intando yeningi nokuhlangana kwemiphakathi. mhlaka 10 ku-March 2011, uHulumeni wesifundazwe, uholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize, wabiza umhlangano ohlanganisa abaholi bamaqembu epolitiki esifundazweni, ubambisene nabe-Independent Electoral Commission abaziwa nge-IEC namaphoyisa kanye nabaholi bendabuko kanye nabaholi bezenkolo.

Umhlangano wabe usuvumelana ngokuthi amaqembu awazibophezele kabusha emgomweni wokuziphatha ngokhetho esithi i-Electoral Code of Conduct, ukukhuthaza ukubekezelelana kwezepolititki, ubumbano, ukuthula nenkululeko yokuzikhethela nokuzihlanganisa neqembu lepolitiki olithandayo ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo.

Ukuze konke lokhu kwenzeke kalula kube sekusungulwa ikomiti elihlanganisa wonke amaqembu epolitiki, u-IEC nobuholi bendabuko nobezenkolo. Leli komiti liholwa nguye futhi uNgqongqoshe uMacingwane.

Kuyajabulisa-ke ukusho ukuthi sesikwazile ukuhambela zonke izindawo ebesizihlonze njenzidinga ukuthi singenelele kuzona. NjengoHulumeni waKwaZulu-Natal, sikubonga kakhulu ukubambisana esikuthole kuwo wonke amaqembu epolitiki. Sithanda ukuncoma kakhulu umoya wokusebenza ndawonye esiwubona uma sihlangene nabaholi ngokunjalo nezinhlaka ezahlukene.

Njengamanje sengingasho ngeqholo ukuthi wonke amaqembu epolitiki angenele ukhetho KwaZulu-Natali azibophezele ekusebenzeleni ukuthula, ukubekezelelana kwezepolitiki bese ekhuthaza ukukhankasa ngokukhululeka kulolu khetho oluzayo.

NgoMsombuluko nje besinomkhuleko omkhulu laphaya eGreytown sikhuthaza kona ukuba abantu bahloniphe amalungelo abanye okuzikhethela. Size sathi abantu abeze befake yona imifaniswano yamaqembu abo ukuze babone ukuthi ayikho inkinga ngokuba sendaweni eyodwa nomuntu wenye inhlangano.

Nalaphake siyagcizelela ukuthi makangabi khona umuntu ophoqa noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho.

Mangigcine ngokuphinda nginxuse nakinina nonke lapha ukuthi nisebenzise ilungelo lenu bese nivota ngendlela eyiyo ngomhlaka 18 kuMay.

**Ngiyabonga.**